PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

UKUCHITSHIYELWA KOMTHETHOSIVIVINYWA WENHLANGANO KAZWELONKE YEZOCWANINGO I-NATIONAL RESEARCH FOUNDATION (NRF) [B23 - 2017]

Isimemo sezethulo zomphakathi

IKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezeSayensi nobuChwepheshe limema bonke abantu abanentshisekelo kanye nababambiqhaza ukuba bathumele ukuphawula kwabo okubhaliwe ngokuChitshiyelwa koMthethosivivinywa weNhlangano kaZwelonke yezoCwaningo [B 23 - 2017].

UMthethosivivinywa uhlose:

- ukuchibiyela uMthetho weNhlangano kaZwelonke yezoCwaningo, 1998, ukuze kususwe kuphinde kufakwe izincazelo ezithile;
- ukuhlinzekela ukuthi uNgqongqoshe kube nguye olawula izinqubomgomo zikazwelonke aphinde akhiphe nemihlahlandlela ezizosebenza ngayo;
- ukwengeza imisebenzi, amandla kanye nezibopho zeNhlangano;
- ukuhlomisa uNgqongqoshe ukuze akwazi ukwenza imithethonqubo ephathelene nokutholakala kwezikhungo zokucwaninga kuzwelonke;
- ukuhlinzekela ukuhoxiswa kokufuna noma ukudluliswa kwesikhungo sokucwaninga kuzwelonke;
- ukuhlomisa uNgqongqoshe ukuthi avule isikhungo sokucwaninga amemezele nokufaneleka kwaso ukuthola usizo lwezimali;
- ukwenza izinguquko ezithile embhalweni;
- ukuhlinzekela ukuwa kweNhlangano;
- ukususa ukuhlinzekela okuthile okungafanele noma okudlulelwe isikhathi; kanye
- nokuhlinzekela izindaba ezihambisana nalokhu.

Imibuzo kanye nezethulo kungaqondiswa ku**Nk Shanaaz Isaacs** zithunyelwe kuleli kheli Portfolio Committee on Science and Technology, 3rd floor, W/S 3/130, 90 Plein Street, Cape Town 8001, noma zithunyelwe nge-imeyili ku- **shisaacs@parliament.gov.za.** Okunye ngokuphawula okubhaliwe, uma ufisa ukwenza isethulo ngomlomo phambi kweKomidi, sicela ukuveze lokho.

Usuku lokugcina lokuthunyelwa kwezethulo umhla ziyi-16 kuNhlolanja wezi-2018.

Amakhophi oMthethosivivinywa angatholakala **kuShanaaz Isaacs** kule nombolo yocingo: **021-403 3763**, umakhalekhukhwini **083 709 8536** noma ku **www.parliament.gov.za.**

Ikhishwe nguNk LM Maseko, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi lesiShayamthetho sikaZwelonke kwezeSayensi nobuChwepheshe.